

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUS WILLIES
MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO ENGWELEZANE
NGOLWESINE MHLAKA 26 MAY 2011**

Mphathi wohlelo;
Ubuholi bendawo bonke obukhona;
Abefundisi;
Imboni yezokuthutha;
Izisebenzi zeminyango eyahlukene;
Abezindaba;
Ngokukhethekile ngibingelele imindeni engosingaye lapha;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;
Ngithi sanibonani.

Siyabonga kakhulu emindenini evumile ukusinika leli thuba lanamhlanje ukuthi sizobhonga emswanini njengoHulumeni sihlanguke nomphakathi walapha. Sithanda ukusho ukuthi lesi simo esibuhlungu kangaka asehlelanga indawo yaseMpangeni kuphela, kepha isifundazwe sonke saKwaZulu-Natal.

Le nkonzobonani ibe yisicelo sethu njengo-Hulumeni ngemuva kokuba sihlanguke amehlo nemindeni ukubheka ukuthi ngeke yini sikwazi ukwenza inkonzobonani eyodwa yalolu hlobo. Siyazi ukuthi sikwenza lokhu njengosiko lwethu eMnyangweni nakuHulumeni ukuba silekelele abantu bakithi uma besabhekene nesikhathi esinzima kanjena.

Kodwa okusempeleni awekho amagama nempahla okungavala isikhala somuntu ekhaya. Siyazi futhi ukuthi amalungu emindenini esizowaduduzisa yiwona asenkingeni enkulu ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama. Njengoba sithole nokuthi le ngozi idlule nabantu okuyibona abebondla emakhaya abo, kusho ukuthi kunzima kakhulu kwabasele ngemuva.

Angisayiphathi-ke eyokuthi bonke laba esingabo lapha bebeyizihlobo okukhona nezelamani kubona (Maltida Khumalo noHleziphi Mthiyane).

Siyazi-ke futhi ukuthi inkonzo enjengalena iyinkundla okusuke kugiya kuyoba abefundisi, thina okwethu kube ngukulalela ukuthi sikhuthazeka kanjani ngokukamoya. Kodwa ekubhongeni kwethu emswanini nje sifisa ukusebenzisa leli thuba ukuba sithi thina esisasele siyazibophezela ukuthi singabi yingxenywe yezibalo ezikhishwa mihla kwasa zabantu abafela emigwaqeni yethu.

Sizokwenza kanjani lokhu na? Sizokwenza ngokuba sonke sakhe ubambiswano noHulumeni emkhankasweni wokunqanda ukuchitheka kwegazi emigwaqeni yakithi. Lolu bambiswano esithi i-partnership sesike sakhuluma kakhulu ngalo kusukela sibe nembizo yezokuphepha emigwaqeni esithi i-Road Safety Summit ngo-March walo nyaka.

Le mbizo ibiyingxenywe yezinhlelo zokuxoxisana ezisiza uMnyango nezinhlelo osebenzisana nazo ukuba sibhekane kangcono nezinsalelo emigwaqeni yethu, ikakhulukazi lezo ezibeka ukuphepha kwethu enkingeni.

Phakathi kwezinqumo ezithathwe kule summit kuthiwe:

- Intsha kumele ihambe phambili ekushintsheni indlela yokuziphatha uma ishayela;
- Imithetho kumele iqiniseke njengoba izephula-mthetho zithola izijeziso ezincane;
- UHulumeni kumele ubheke ukusungulwa kwezinkantolo zamacala omgwaqo ukuze izaphulamthetho kuzobhekwan nazo ngokukhulu ukushesha;

- Ngesikhathi uMnyango udweba imigwaqo namabhriji kumele ubeke ezokuphepha phambili. Ukwenza izibonelo, kumele kube nezimpawu ezigqamile, imigqa egqamile, amabhampi okuvimba ijubane, nezingcingo ezibiye umgwaqo;
- Kumele kuqiniswe izifundo kwezokuphepha kanye nemikhankaso yezokuphepha emgwaqeni emiphakathini;
- Kumele kube nokusebenzisana kwezigaba zikahulumeni kuzo zonke izinhlelo;
- Ukulwa nenkohlakalo embonini yezokuthutha;
- Ukulawula ngomthetho izikhungo zokufundela ukushayela;
- Ukuqhamuka nohlelo oluphusile lokuphepha kwabahamba ngezinyawo emgwaqeni.

Ngaphezu kwako konke lokhu, vele lo nyaka siwuhlonze njengonyaka womnyakazo wabantu ekulweni nezingozi nokwepulwa kwemithetho yomgwaqo, esithi i-Activism Against Road Carnage and Transgressions.

Lokhu kusho ukuthi sifuna ukugqugquzela abantu ngamunye kanye nomphakathi wonkana ukuba babambe iqhaza ekunqandeni izingozi emgwaqeni. Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa.

Yingakho-ke ngithatha leli thuba ukuba nginxuse umuntu ngamunye ngamunye kinina ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuthi niwesekele lo mkhankaso.

Sithi sesifikile isikhathi sokuthi sokuba iKwaZulu-Natal ihambe phambili ngezinto ezinhle manje. Asikwazi ukuthi kulokhu kwaba yithina esihamba phambili njalo uma kukhishwa izibalo ezweni noma ezezingozi zomgwaqo, noma ezengculazi, noma ezobugebengu noma ezani nje embi. Sithi imiphakathi mayisukume ibambisane noHulumeni ithi sekwanele manje.

Nakuba amaphoyisa esaqhubeka nophenyo ngale ngozi, ebesisakutholile yilokhu kokuthi umshayeli wale moto ubezama ukugwema enye imoto ebimile kanti kuzoqhamuka iQuantum ngaphambili zatholana mahlanze emgwaqeni ongu-R68 eBabanango. Siyabonga nje ukuthi akwenzekanga esinye isibhicongo kuleli tekisi ebelithwele izingane zesikole.

Sithi-ke nakuba kunzima kodwa sithatha leli thuba sithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza yonke imindeni yalaba abalandelayo:

1. Buyisiwe Khumalo (68)
2. Mfanobomvu (54)
3. Enock Makhathini (61)
4. Matilda Khumalo (74)
5. Hleziphi Mthiyane (64)

NgesiZulu kuthiwa akwehlanga lungehlanga. Siyacela ukuba impilo iqhubeke kwabasele. SinguHulumeni nomphakathi waKwaZulu-Natal sinalo ithemba lokuthi ngelinye ilanga siyoyinqoba le mpi yezingozi zomgwaqo.

Mangibonge ngethuba ngigcine ngokuthi nginethemba lokuthi sonke sizoziphatha kahle emgwaqeni. Ungahambi ngezinyawo emgaqweni noma ushayele imoto uphuzile. Ungahambi ngemoto ongayethembi ukuthi isesimweni esiphephile. Ijubane liyabulala.

OkaManzankosi uNgqongqoshe kaZwelonke wezokuThutha, uye athi: abaphilayo bavala amehlo abafileyo, kuthi abafileyo kube yibona abavula amehlo abaphilayo. Akube njalo-ke nakithi namuhla. Asifunge sigomele sithi abekho abanye abazofa ngalolu hlobo ngoba sinamandla okukugwema lokho.

Ngiyabonga